education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**NOVEMBA 2008**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-7.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO.**

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

3. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo ngamunye ekhasini elisha.

5. Abahlolwayo mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.

6. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

7. Ubude bokubhala lo msebenzi buhamba kanje:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Bhala amagama angama-340 - 390. Khumbula ukuthi uphoqelekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa ngoba lunamamaki. |
| ISIQEPHU B: | Umbhalo mawube odlulisa umyalezo ube ngamagama ayi-100 –120. |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane enemiyalezo, mayibe ngamagama angama-80 -100. |

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

**Khetha isihloko esisodwa kwezilandelayo ubhale ngaso indaba enamagama angama-340 kuya kwangama-390.**

**Ungakhohlwa ukwenza uhlaka lwendaba yakho ngoba lunamamaki.**

1.1 ENingizimu Afrika sibonile ukuthi ibhola lombhoxo lilethe ubumbano ngenkathi 'Amabhokobhoko' ephumelela endebeni yomhlaba ebidlalelwa kwelase-France. Lokhu kuveze umqondo wokuthi ezemidlalo zingaluletha ubumbano phakathi kwezinhlanga ezahlukahlukene.
Bhala indaba uveze owakho umbono onezinhlangothi ezimbili zokubuka izinto ngalesi sitatimende. Yiphe isihloko indaba yakho. **[50]**

**NOMA**

1.2 Izilimi ezisemthethweni eNingizimu Afrika ziyi-11. Kungabe izilimi zabomdabu zisetshenziswa ngendlela okumele ngabe zisetshenziswa ngayo yini noma zisabukeleka phansi njengakuqala?
Bhala indaba uphumele obala ungakhohlwa ukuyinika isihloko. **[50]**

**NOMA**

1.3 **Mhla Sibanjwa Inkunzi Ebhangi Elidumile Enkabeni Yedolobha Lakithi.**
Bhala indaba ngalesi sihloko uveze zonke izigigaba ezenzeka lapho. **[50]**


**NOMA**

1.4 **'Yindoda emadodeni lena elele lapha'**
Bekuwusuku lomngcwabo kamfowenu obenganakekile lapha ekhaya ngendlela abeziphethe ngayo. Namhlanje kungathi umazi kabusha ngendlela abantu abakhuluma ngayo.
Bhala indaba uchaze izinkulumo zabantu ngalo mfowenu. Sebenzisa isihloko esingenhla. **[50]**

**NOMA**

1.5 Sekuphele cishe iminyaka engama-20 ngahlukana nothisha wami owayengifundisa umatikuletsheni. Ngithe uma ngimbona ngafikelwa izinyembezi zenjabulo.
Bhala indaba uveze imizwa yakho ebeka ngokusobala iqhaza elabanjwa yilo thisha ekuthuthukiseni impilo yakho. Yiphe isihloko le ndaba. **[50]**

1.6 Bukisisa le mifanekiso engezansi ehambisana nenkulumo, bese ubhala indaba ehambisana naso. Yinike isihloko indaba yakho. **[50]**




**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

## ISIQEPHU B: UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO

### UMBUZO 2

**Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.**

2.1 Kusanda kungcwatshwa umama wakho obekunguyena kuphela obesesele kubazali bakho. Wena ufunda ibanga leshumi nanye, sekusele unyaka owodwa vo ukuthi uye esikhungweni semfundo ephakeme.
Bhalela umalume wakho odla izambane likapondo umcele ukuba akwelekelele kwezezimali okungenani uze uphothule umatikuletsheni. Makuvele ukuthi ngeke azisole ngokukufundisa. **[30]**

**NOMA**

2.2 Ungunobhala enhlanganweni ethuthukisa umphakathi iHlanganani Ma-Afrika. Beninomhlangano omkhulu wokuvula unyaka lapho benidingida ngezindlela zokuphatha nokukhulisa le nhlangano.
Bhala i-ajenda ihambisane namaminithi omhlangano. **[30]**

**NOMA**

2.3 UMasipala wakini utshengisa ukuhudula izinyawo ekuthuthukiseni indawo. Lokhu sekwenze umphakathi ukuba ube nomhlangano wokuxoxa lolu daba. Umphakathi ugcina ngokuvumelena ngokuthi ubhale izikhalo zawo uziyise kuSodolobha.
Bhala indabambiko ezoveza ngokucacile lezo zikhalo. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: UMBHALO OMFUSHANE ODLULISA UMYALEZO

### UMBUZO 3

**Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.**

3.1 Usebenza eMnyangweni WezoBuciko, Amasiko NezokuVakasha. Lo Mnyango ugqugquzela umcimbi wokuhaya izinkondlo ehholo elidumile edolobheni lakini. Bhala iphosta umeme bonke abathandi bemibhalo ikakhulu abezinkondlo ukuba baphumelele ngothi lwabo kulo mcimbi bazozitika ngokulalela abahayi bezinhlanga ezahlukahlukene bakuleli nabavela kwamanye amazwe. **[20]**

**NOMA**

3.2 Ungunompilo noma ungomunye walaba bantu abanakekela abantu abagulela emakhaya. Umsebenzi wakho ukuze uhambe kahle usebenzise idayari. Bhala idayari yezinsuku eziyi-5 zomsebenzi osuwenzile ukuze ubone kahle umsebenzi wakho. **[20]**

**NOMA**

3.3 Usebenza egalaji (BP) elukuSexwale Street kunombolo 1 elitholakala kule nkombandlela eku-ANNEXURE A. Uthe ungazelele kwafika umuntu odukile wacela ukuba umyalele umuzi lapho kudayiswa khona amasango ensimbi ohlobo oluphambili.
Myalele lo muntu usebenzise le nkombandlela esekhasini layo lodwa ku-"ANNEXURE A" lapho umchazela ngokugcwele ukusuka kwakho kunombolo-1 kuya ku-8. **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**

**AMAMAKI ASEWONKE: 100**

Akuvunyelwe ukukopisha leli phepha

